Inkanyiso, 4 November 1892

NEWSPAPER: *Inkanyiso*
DATE: 4 November 1892, p4.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE,-Ngicela ukuba uvume ngibeke umutshwe ube munye ezwini like Mr. C. Kunene, ngesiposiso esibhalwe encwadini ye Bible, ngamazwi asanganisayo.

Yebo, Mr, Kunene, ubavusa ngakona abantu kulolo luhlamvu, ngoba nembala abanye bayakuduka. Kodwa kulukuni ukubeka isiposiso kubacindezeli ezwini elide kangako; bengizakuvuma ukuba izwi belilincane njengo *a* endaweni ka *e* no *u* kumbe *u*; ukuba kupambene amazwana anjalo bengiyakutshetsha nami ngivume ukuti loko siposiso sabacindezeli. Ngaloko ngiti mina loku kusiposiso sabo abahlela lencwadi, ngoba impela umcindezeli angecindezele ngapandhle kwokuba kubhekisiswe akuhlanganisayo, noma kuse ama *proof* amade noma sekuse *presini*.

Kufana nalo leli gama elikulu eliti "u Tixo," eliloku litandeka kubafundisi, kubelapo utixo lowo engatsho zwi ngobu Nkulunkulu, nalo futi lelo liyadukisa kwabaningi; nakuba kuligama eselaziwa ngabaningi kambe kodwa kwakufanele liyekwe lapa sekucindezelwa incwadi entsha, kufakwe elakiti u "Nkulunkulu," ngoba pela bati ukuyibiza lencwadi ngeyesi Zulu. Kwobonwa nini loko na?

Owako
M. MAGWAZA

P. M. Burg, October 30, 1892.

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.